**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVAKASHELA ENKODIBE INTERCHANGE MHLAKA 20 OCTOBER 2007.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Kuyintokozo kimina ukusho ukuthi KwaZulu-Natal manje sesenze ngcono ukusebenzisana nokuphatha ngokubambisana okuhlanganisa isigaba ezintathu zikahulumeni – uzwelonke, isifundazwe nowasekhaya – bonke bahamba ngomzila ofanayo. Eminye yemiphumela yalokho iyabonakala kulo msebenzi omuhle wokwakhiwa kweNkodibe Interchange.

- Ucwaningo lwezobunjiniyela lwaveza ukuthi le mpambanamgwaqo yalolu hlobo ibingadingeka ngonyaka ka-2016 uma ukukhula kwesibalo sezimoto sekufika ku-4% noma ngonyaka ka-2013 uma ukukhula kwesibalo sezimoto sekufika ku-2%. Kodwa-ke, izimo zendawo, ukwanda kwezinhlobo zezimoto ezidlula lapha nesibalo sezingozi kwaphoqa ukuthi lubekwe eceleni lolo cwaningo. Umsebenzi wabe ususondezwa ngeminyaka eyishumi.

- Lo msebenzi wahlonzwa yiSouth African National Road Agency Limited (SANRAL) ngemuva kocwaningo lwezokuthutha okwatholakala ukuthi kudingeka kwakhiwe lo mgwaqo kahle ukuze kubhekeleke umthamo wezimoto ezihamba khona nsuku zonke. Ngakhoke ukwakhiwa kwalo msebenzi kuncike kakhulu kwezokuphepha emgwaqeni.

- Kwabe sekubonakala ukuthi isixazululo esingcono ngukuthi kube impambanamgwaqo emise okwedayimane ezokuba nomgwaqo oyihhuku elizovumela izimoto ezijikela ngakwesokudla. Umsebenzi uzokudla isamba sika-R43.5 million kanti manje sekwakhiwe u98% wawo.

- Lapha kwakhiwa impambanamgwaqo kuN2 nomgwaqo uP235 oya emadolobheni eMtubatuba naKwaNongoma. Umgwaqo uP235 ubaluleke kakhulu ukuxhumanisa izindawo ezingaphakathi njengedolobha laKwaNongoma, izindawo zasemakhaya nesiqiwi saseMfolozi.

- U-P235 uyingxenye ye-African Renaissance Road Upgrading Programme okumanje uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usutshale izigidi zamarandi kuwona.

- Ekwakhiweni kwalo msebenzi kuhloswe ukwandiswa namathuba emisebenzi kubantu bendawo nokuthuthukisa osomabhizinisi abamnyama. Ukuqashwa kwabazokwakha kulo msebenzi kuhambisana nemigomo yeSANRAL noMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal.

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usebenzise uhlelo lwawo losonkontileka abasafufusa uVukuzakhe ekwenzeni umsebenzi wonke wokwakha kwaqinisekiswa nokuthi abantu bathola ukuqeqeshwa ngalo msebenzi.

- U-N2 lapho kwakhiwa khona lo msebenzi, ungumgwaqo oxhumanisa iTheku nezindawo zasenyakatho – ichweba laseRichards Bay kuya eGoli. Ichweba laseRichards Bay lihamba phambili ngokuba nomthamo wempahla kanti lingelikhulu ezweni ngokweshashalazi elinalo. Liphinda lihlonishwe ngokuba ngelingcono emhlabeni ngokukwazi ukugcina izimpahla eziningi njengoketshezi, amalahle, izingodo, i-anthracite ne-granite.

- I-Richards Bay iyichweba eliseduze kweGoli, okuyisizinda esikhulu sezimboni ezweni, ngakhoke ukuxhumana ngemigwaqo kubaluleke kakhulu ukuze sigqugquzele ukuthuthukiswa komnotho ezweni lonke.

- Umthelela kwezomnotho ubaluleke kakhulu lapha. Akuzogcina ngokusizakala kwabasebenzisa lo mgwaqo lapha, kodwa kuzofukuleka nomnotho emphakathini wonkana. Khona manje, abasebenzi abaningi lapha baqhamuka khona emphakathini okuyinto ezothuthukisa amakhono endaweni.

- Indebe yoMhlaba isisemnyango. Ngakhoke, imisebenzi enjengale Interchange, iSani Pass exhumanisa iNingizimu Afrika neLesotho neminye imisebenzi eqhubekayo esifundazweni ikhomba kona ukuthi sikulungele ukusingatha ngemfudumalo izivakashi zale ngqophamlando yomcimbi.

- Kumele sibhekane nazo zonke izinselelo ngaphambi kokuba sikhululeke ngokuthi sizobasingatha ngempumelelo abathandi bebhola abangu-350 000 abazobuka iNdebe yoMhlaba ngo-2010.

- Ukulungela kwethu u-2010 kuphinda kubonakale nangokwakhiwa kwenkundla iMoses Mabhida ezosetshenziswa ngale midlalo. Ingaphezulu kuka R2.2 billion imali ebekelwe lo msebenzi. Ingaphezulu kuka-R4billion ezosetshenziswa ukwakha isikhumulo sezindiza esisha iKing Shaka neDube Tradeport eLa Mercy. Kukonke nje, sinemisebenzi ebalelwa ku-R20 billion eqhubekayo kulesi fundazwe. Uma isiphothuliwe iDube Tradeport iyodwa nje izokufaka uR12.4 billion emnothweni yakhe nezinkulungwane zamathuba emisebenzi.

- Kafushane nje, umgomo wethu ngukuthi ezweni lonke lapho sinabantu abaningi abahlala ndawonye abahamba nsuku zonke beya noma bebuya emsebenzini nakwezinye izindawo, kumele sibe nengqalasizinda yezokuthutha ezohlangabezana nezidingo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga.**